



SASTRI COLLEGE

ISIKHUNGO SEZILIMI - ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA

UKUHLOLWA KWAPHAKATHI NONYAKA – 2018

IBANGA LESISHIYAGALOMBILI - (GRADE 8)

IPHEPHA LOKUQALA (P 1)

UMHLELI: N.Z. ZONDI

ISIKHATHI: 1 IHORA

UMCUBUNGULI: N.E. BHENGU

IMIKLOMELO: 40

IMIYALELO KUBAFUNDI

1. Leli phepha lehlukane iziqephu eziMBILI:

- ISIQEPHU A: Isifundo Sokuqondisisa [20]
- ISIQEPHU B: Izimiso Nokusetshenziswa Kolimi [20]

2. Linamakhasi ayisi-

3. Fundisisa yonke imiyalelo ngaphambi kokuthi uphendule imibuzo.

4. Phendula YONKE imibuzo.

5. Isiqephu ngasinye masiqalwe ekhasini ELISHA bese udweba umugqa emva kwaleso siqephu.

6. SHIYA umugqa emva kombuzo ngamunye.

7. Bhala izinombolo zezimpendulo njengoba zibhaliwe emibuzweni.

8. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.

9. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

Pheqa ikhasi

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

UMBULO 1

Fundisisa le ndatshana bese uphendula imibuzo ezolandela:

AZONIKWA ITHUBA LOKUZIVEZA AMACIKO

Mthobisi Sithole

Ukufihlakala kwamakhono amaciko aseMzinyathi, kusukumise phansi iqembu elingomakadebona kumasikandi, Izingane Zoma, laqhamuka nohlelo lokuqhakambisa lobu buciko ngokuba amaciko anikezwe ithuba lokuziveza.

Lokhu kuzokwenzeka eNquthu Stadium mhlaka 27 **May** 2018 emcimbini obizwa ngaMaciko oMzinyathi Multi-Disciplinary Festival. Leli qembu elidume iNingizimu Afrika yonke, lithi likwenza lokhu ngenxa yokubona abanye abantu begcina sebegxila ezintweni ezibaholela ophathe ekubeni bephiwe ubuciko bokuziphilisa okubalwa ukucula, ukuthunga, ukubaza nokunye.

Izingane Zoma zisungule i-*foundation* yokuqhakambisa ezobuciko ngaphansi kwesifunda uMzinyathi nokuyingxenywe yokubuyisela emphakathini. Isikhulu sale nkampani, **uMnu.** Thulani Ngcobo uthi njengoba leli qembu selokhu layibamba kusukela ngo-1993, babone kukuhle ukuba banikeze amanye amaciko ithuba lokuziveza, kugqugquzelwe nentsha yaseMzinyathi ukuba ikusebenzise ekuphiwe.

Eminyakeni edlule leli qembu liqale ngokusungula umkhankaso okwakhloswe ngawo ukulekelela imindeni eswele ngokuba libe namakhonsathi omculo ezindaweni ezahlukeni, lapho okwakungangenwa ngamali, kodwa umphakathi wawucelwa ukuba unikele ngonakho okubalwa kukho izimpahla zokugqoka, ukudla nezincwadi ezingasasebenzi bese konke kudluliselwa kuleyo mindeni eswele.

Ngalolu suku kuzobe kumenywe amaciko aqhamuka eMzinyathi ukuba azokhangisa ngemisebenzi yawo eyahlukeni okubalwa imisebenzi yezandla efana nemvunulo yesintu, okubaziweyo nokunye okukhombisa ukunotha kwezobuciko kulesi sifunda.

Kuzobe kushiyelana inkundla abaculi bakamasikandi okukhona kubo nabasebasha abaqhamuka khona eMzinyathi. Umphakathi uzobe ungena mahhala njengoba kungahloswe kwenza nzuzo kulo mcimbi kodwa kuzobe kuvulelwa amaciko ithuba lokuzibonakalisa. Umcimbi uxhaswe wuMnyango wezobuCiko namaSiko kwaZulu-Natali, oholwa uNkk. Bongi Sithole- Moloji. Kuzonandisa Izingane Zoma, Amakhosi, Thokozani Langa, Khuzani, Amageza Amahle, Ali Mgube, Mfzemnyama noDlubheke.

[Icashunwe ephephandabeni ILanga May 20, 2018]

- 1.1 Ubani umbhali walesi siqephu? (1)
- 1.2 Isiphi isizathu esenze kwasungulwa uhlelo lokuqhakambisa amasiko eMzinyathi? (2)
- 1.3 Bhala igama elibhalwe ngokugqamile esigabeni sesi-2 ngesiZulu esiqondile. (1)
- 1.4 Ngenjani imindeni ebiyelekelelwa ngosizo lweZingane Zoma? (1)
- 1.5 Bala kube kubili imindeni ebiyelekelelwa ngakho. (2)
- 1.6 Yimuphi umnyango kaHulumeni oxhase lo mcimbi okukhulunywa ngawo esiqeshini? (1)
- 1.7 Bhala lezi zifinyezi ezisetshenziswe esiqeshini ngokugcwele:
 - 1.7.1 Mnu. (1)
 - 1.7.2 Nkk. (1)
- 1.8 Nikeza amagama abe MATHATHU alabo abazonandisa emcimbini. (3)
- 1.9 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe kubakaki:
 - 1.9.1 Iciko umuntu owenza into (kabi, kahle, budedengu) (1)
 - 1.9.2 Ukuqhakambisa kusho (ukufihla, ukubulala, ukuveza obala) (1)

[15]

Pheqa ikhasi

UMBUZO 2

Bukisisa lesi sikhangiso bese uphedula imibuzo ezolandela.

ZIWINELE AIRTIME!!!

ZIWINELE I-AIRTIME ENGAFINYELELA ENANINI LIKA R500 MASONTO ONKE KUYOZE KUPHELE-UNYAKA, KANTI UNGAPHINDE UZIBEKE ETHUBENI LOKUZIWINELA I-SMARTPHONE NJALO EMUVA KWAMASONTO AMABILI.

SMS MANJE UZIBEKE ETHUBENI LOKUZITHOLELA I-AIRTIME MAHALA

Sms igama elithi "ILANGAAIRTIME" ku **49028**. Kuzowina abantu abayishumi njalo ngeviki kanti abawinile bazokwaziswa ngomyalezo kumakhalekhukhwini.

Sms ibiza R1,50

ILANGA
IFRESHA LESIZWE

WALALA WASALAI!!!

Logos: Vodacom, MTN, Telkom Mobile, Cello

- 2.1 Nikeza igama lephephandaba okuthathwe kulo lesi sikhangiso. (1)
 - 2.2 Iyiphi inombolo okuthunyelwa kuyo umyalezo ukuze uwine? (1)
 - 2.3 Caphuna igama eliyisihlanganiso kilesi sikhangiso. (1)
 - 2.4 Nikeza amagama ezinkampani zezingcingo zibe mbili eziyingxenye yomncintiswano. (2)
- [5]

AMAMAKI ESIQEPHU A: [20]

ISIQEPHU B

ISIQEPHU B: IZIMISO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

UMBUZO 2

- 2.1 Funda isiqeshana esingezansi bese utomula amagama **angamabizo abe yisithupha (6)**:

Kwenzeka lokhu nje amadoda awezwa lutho ngenxa yokuba buqamama. Uthe uSizwe esesebenza umuzi wokugcina, kwasuka esikhulu isililo emizini ayesedlule kuyo. Kwakukhala amaxhegu, izingane namakhosikazi. Zezwa izinsizwa ezindala. Zathi gubhu emazolweni zaqonda ngqo lapho umsindo wawuqhamuka ngakhona.

(6)

- 2.2 Nikeza izikhuliso zala magama adwetshelwe kule misho elandelayo:

2.2.1 Sizogibela ibhasi lokugcina. (1)

2.2.2 Isitolo sikababa sishile. (1)

- 2.3 Bhala izinciphiso zala magama adwetshelwe kule misho elandelayo:

2.2.3 USizwe ungigxobe ngonyawo lwakhe. (1)

2.2.4 Ngisayothenga isikhwama engizophatha ngaso. (1)

[10]

UMBUZO 3

- 3.1 Shono ukuthi le misho elandelayo iluhlobo luni:

3.1.1 Ngifuna ukuthenga isinkwa kodwa imali anginayo. (1)

3.1.2 Uzohamba nini ukuya edolobheni? (1)

3.1.3 Hawu! Baze baphumelela kahle abantwana bethu! (1)

- 3.2 Sebenzisa igama 'ilanga' emishweni emibili ozakhele yona iveze incazelo engafani, ukhombise uyayazi incazelo yalo. (2)

3.4 Qondanisa **UHLU A** no**HLU B**, ukhethe impendulo kuHLU B enomqondo ophikisana naleyo ekuHLU A.

UHLU A	UHLU B
3.4.1 Isalukazi	A. Isiphetho
3.4.2 Umakoti	B. Inkonyane
3.4.3 Isiqalo	C. Indodana
3.4.4 indodakazi	D. Ikhehla
3.4.5 Inkomazi	E. Umkhwenyana
	F. Inkunzi

(5)

AMAMAKI ESIQEPHU B= [20]

AMAMAKI ESEWONKE= [40]